IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Amadoda
Ayengagobi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Jonathan Hay; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Mary-Anne S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

INkosi uNebukadinesari yakha isithombe esikhulu segolide. Kwakuyigolide, kusukela ekhanda kuye ezinyaweni. Mhlawumbe inkosi yayikhohlwe iphupho uNkulunkulu alithumela ukuba liyitshele ukuthi umbuso wayo wegolide wawungeke uhlale unomphela. Mhlawumbe wayecabanga ukuthi uma akha isithombe esenziwe ngegolide ngokuphelele, khona-ke iZwi likaNkulunkulu ephusheni lakhe lalingeke ligcwaliseke.

Enye yezinceku zenkosi zafundela bonke abantu umyalo othi: "... niyowela phansi nikhuleke esithombeni segolide ... Futhi noma ubani ongawi phansi akhuleke uyophonswa phakathi kwesithando somlilo esivuthayo."

Wonke umuntu wenza njengokuyala kwenkosi - ngaphandle kwamadoda amathathu. La madoda ayengamaHebheru. KwakungoShadiraki, uMeshaki no-Abhedinego, abangane bakaDaniyeli. Kubonakala sengathi uDaniyeli wayengekho ngaleso sikhathi, ngoba naye wayengeke avume ukukhulekela isithombe esenziwe umuntu.

Izazi zenkosi zaba nomona ngoDaniyeli nabangane bakhe ngoba inkosi yayibathanda. Ngakho bathi: "Kukhona amadoda amathathu owamisile ukuba ababusi phezu kwesifunda saseBhabhiloni, oShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego. Lawa madoda, nkosi, awakulalaleli, awabakhonzi onkulunkulu bakho, futhi awakhulekeli isithombe segolide osimisile."

Inkosi uNebukadinesari yagcwala ukufutheka. Wabaxwayisa, “Uma ningakhuleki, niyophonswa phakathi kwesithando somlilo ovuthayo. Futhi yimuphi unkulunkulu oyonikhulula esandleni sami?”

Inkosi yenza iphutha elikhulu. Ngempela wayebekela uNkulunkulu ophilayo inselele. Amadoda amathathu angamaHebheru ayazi ukuthi kwakungqubuzana nomthetho kaNkulunkulu ukukhulekela isithombe. Basala bemile. Ngenxa yokuthi babemethemba uNkulunkulu, babengayesabi inkosi.

Lawa madoda amathathu anesibindi ayenempendulo enkosini. Bathi, "UNkulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo ovuthayo. Kepha uma kungenjalo, makwazeke kuwe, nkosi, ukuthi asiyikukhonza onkulunkulu bakho, singakhuleki esithombeni segolide osimisile."

INkosi uNebukadinesari yathukuthela yagana unwabu! Wayala ukuba bashise iziko ngokuphindwe kasikhombisa kunokuvamile. Noma kunjalo amadoda awazange aguqe.



Inkosi yayala amadoda
anamandla
ebuthweni
lakhe ukuba
abophe
oShadiraki, noMeshaki,
no-Abhedinego, abaphonse
esithandweni somlilo ovuthayo.

Isithando somlilo sasishisa kakhulu kangangokuthi amadoda aphonsa uShadiraki, uMeshaki no-Abhedinego emlilweni abulawa ukushisa.

Inkosi yabukela ikude. Yabona amadoda amathathu ephonswa phakathi kwesithando somlilo ovuthayo. Kodwa akukona kuphela lokho akubona.

INkosi uNebukadinesari yamangala!
"Asiphonsanga amadoda amathathu eboshiwe phakathi komlilo na?" wabuza abasizi bakhe.
"Yebo," baphendula.
Wathi, "Bheka, ngibona amadoda amane ekhululekile ehamba phakathi komlilo, awalimalanga, neyesine ifana neNdodana kaNkulunkulu."

Yasondela ngasemnyango wesithando somlilo ovuthayo, inkosi yamemeza, yathi, “Shadiraki, noMeshaki, no-Abhedinego, zinceku zikaNkulunkulu oPhezukonke, phumani!” Base bephuma oShadiraki, noMeshaki, no-Abhedinego esithandweni somlilo.

Wonke umuntu wabuthana futhi wahlola amaHebheru amathathu. Babebonile ukuthi umlilo wawungenawo amandla okubashisa. Izinwele zabo azishile, nezingubo zabo azishile; kwakungekho ngisho nephunga lomlilo phezu kwabo.

Lapho iqaphela okwenzekile, iNkosi uNebukhadinezari yenza into ehlakaniphe kakhulu. Wakhuleka wathi, "Makabongwe uNkulunkulu kaShadiraki, uMeshaki, no-Abhedinego othumele ingelosi yakhe wakhulula izinceku zakhe ezithembele kuye."

Amadoda Ayengagobi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Daniyeli 3

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16